

Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko likaHulumeni Kwezokuxhumana Nokudluliswa Kolwazi (i-GCIS)

English/isiZulu

Ncwaba 2022 Ushicilelo 1

Ukuhlomisa abesifazane ngezolimo



UDkt Ethel Zulu uholo phambili epulazini lakhe lapho akhulisa khona izitshalo nezinkukhu azithumela ezitolo ezinkulu.

Isithombe ngu-Dkt Zulu.

Owen Mngadi

UDkt Ethel Zulu ungumlimi osafufusa okhula ngokumangazayo.

Usebenzisa ulwazi lwakhe olujulile ngokudla okuno-

msoco kanye neminyaka eminingi yolwazi lokukhiqiza izinkukhu kanye nezitshalo epulazini lakhe ngenhloso yokuhlomisa abanye besifazane ukuthi babe ngabalimi abathengisayo.

U-Dkt Zulu (48), oneziq zobudokotela kwezokudla okunomsoco, unepulazi elingamahektha angama-23 elise-Cullinan ngaphandle kwasePitoli, lapho etshala futhi ekhulisa khona izitshalo kanye nezinkukhu

azithumela ezitolo ezinkulu eziningi.

Ipulazi lakhe libuye libe nabafundi abangama-20 abaqhuba izifundo zolimo ukuze libaqeqeshe. U-Dkt Zulu washiya phansi umsebenzi wakhe kuMnyango Wezolimo eNyakatho Ntshonalanga wazoqala i-ejensi yakhe yekuqeqesha, i-*Hope Nutrition Business Consultants*.

Lokhu kwaba ngemuva ngokuthuthela eGoli kodwa engawutholi umsebenzi njengogoti wezokudla okunomsoco.

Unentshisekelo ngezolimo futhi umbono wakhe ukuthola abesifazane abaningi ngokusemandleni ukuthi bangene kwezolimo, okungumkhakha akholelwa ukuthi ungakwazi ukuthuthukisa futhi usungule nemisebenzi.

“Ngisebenze iminyaka eyisishiyagalombili, ngisebenza nezikhulu ezikhulisa umkhakha wezolimo, futhi sasiza abalimi abaningi ngokubafundisa ngokuphepha kokudla, inhlanzeko kanye nokudla okunomsoco. Ezolimo bengizithanda selokhu

ngaba mncane futhi angikaze ngizicabange ngenza enye into.”

Ngokusebenza nge-ejensi yakhe yekuqeqesha, u-Dkt Zulu ukuchazile ukuthi wasebenza ezifundazweni eziyisithupha, esiza abesifazane kanye nabantu abasha ukuthi baqhuba imisebenzi yabo yezolimo.

Ukufuya izinkukhu zokuthengisa

Ngowezi-2017, u-Dkt Zulu wabona ukuthi ukuqeqesha kwakhe kuyize uma imiphumela ingabonakali, ngakho-ke wabe esethenga ipulazi ukuze ezosebenza ngolwazi lwakhe.

Namuhla, usengumlimi wezinkukhu zenyama ezingaphezu kwezi-7 500. Inhlosonqangi yakhe kwabe kungukukhiqiza izitshalo kuphela.

“Ngangidinga izinkukhu ukuze ngizothola umanyolo. Bengihamba ngingena emizini yabantu ukuyowulanda ukuze ngizocina izitshalo

Iqhubeka ekhasini lesi-2



Owesifazane wokuqala waseNingizimu Afrika oyi-paratrooper

Ikhasi lesi-10



ULesedi Ledwaba uthathe ibhizinisi lokwakha walibeka kwelinye izinga

Ikhasi lesi-11



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u- SA Government ku Google playstore noma ku-appstore

UNGASITHINTA LAPHA



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Iwebhusayithi: www.gcis.gov.za

I-imeyili: vukuzenzele@gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

Ucingo: (+27) 12 473 0103

Tshedimosekto House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

IPHEPHANDABA LAMAHHALA, ALITHENGISWA

Isuka ekhasini loku-1

zami ziphila. Yabe seyilo-koza lapho inhlansi yokuba nezinkukhu zenyama. Eminyakeni emibili, sakhiqiza izinkukhu zenyama eziyizi-5 000 futhi saqala nokuphakela izitolo ezinkulu zasendaweni."

Wongeze ngokuthi izinkukhu zakhe yizinkukhu eziphilayo futhi azivalelwa, azifakwa zikhulisimzimba. Usebenzisa umanyolo wezinkukhu ukukhulisa izitshalo ezifana nesipinashi, ubhrokholi, iklabishi kanye nophapha.

Ngaphezu kwezitolo ezi-

nkulu, u-Dkt Zulu uphinde aphakele abadayisi base-mgwaqeni imikhiqizo yakhe. Umsebenzi wakhe uyimpumelelo ngoba uqashe ngokugcwele abesifazane abayi-12.

Ngokusho kuka-Dkt Zulu, ukufuya izinkukhu kungumkhakha obucayi kakhulu kuleli lizwe, nje ngoba imindeni eminingi idla inyama yenkukhu kakhulu ukwedlula olunye uhlobo lwenyama.

U-Dkt Zulu unamathemba okuqeqesha abesifazane abangaphezu kwe-1 000 kwezolimo kulolonke izwe ngonyaka. Uzimisele futhi ngokuba ngomunye

wabakhiqizi abathembekile baseNingizimu Afrika bezinkukhu ezingavalelwa kanye nezitshalo eziphilayo.

Weluleke abesifazane abafisa ukuba ngabalimi ukuthi mabaqale kancane futhi bangalindi ukusizwa nguhulumeni. "Uma usizo lukahulumeni lufika kuwena, luzobe selengeza. Uma udinga ukukhiqiza izinkukhu zenyama eziyizi-3 000, akukho okukunqanda ukuthi uqale ngezinkukhu ezingama-20. Iya ezitolo ezinkulu endaweni uyothola ukuthi bona bafuna ukuthi izinkukhu abazozidayisa zibe njani

bese nisebenza ngokwamaqembu ukuze nizokwazi ukuhlangabezana nezimfuno zabo zezinga kanye nenani lezinkukhu abazifunayo," ongeza.

Ukuhlomisa abesifazane ngezolimo

U-Dkt Zulu ukholwa ukuthi ezolimo zingaba negalelo ekuhlomiseni abesifazane ngokomnotho nasekusunguleni imisebenzi eminingi yabantu besifazane.

"Uma uhlomisa umuntu wesifazane, uhlomisa isizwe. Siyakwazi ukwabelana ngolwazi lwethu futhi sibandakanye nabantu

abaningi."

Wongeze ngokuthi abesifazane akumele bazibekele umkhawulo ekulimeni kuphela kodwa kufanele ukuthi babheke ezinye izindlela zokusebenza embonini ezifana nokusebenzisa imikhiqizo yezolimo ukwenza eminye imikhiqizo, ukupakisha imikhiqizo, kanye nokudayisa imikhiqizo.

"Ukuzimela ngokwezimali yiyona kuphela into engasisiza ukuqeda isihlava sodlame olubhekiswe kubulili obuthile futhi lokho singakuthola ngokulima, phakathi kwezinye izinto," kusho u-Dkt Zulu.

Amabhizinisi amancane ayaxuswa ukuba afake izicelo zokuthola usizo

Nosihle Shelembe

Ungqongqoshe Wezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane, u-Stella Ndabeni-Abrahams, usegqogquzele amabhizinisi amancane emalokishini nasezindaweni ezisemakhaya ukuthi afake izicelo zokuthola usizo ngoHlelo Lwamabhizinisi Asemalokishini Nase-makhaya (i-TREP).

"Sihlose ukubhekana nokuswelakala kwemisebenzi nobubha, kodwa sinomsebenzi wokukhulisa umnotho," kusho uNgqongqoshe uNdabeni-Abrahams.

Ethula inkulumbo kwiNgqongquthela Yentsha ye-SheTradesZA ebibanjwe kamuva ePitoli, ungqongqoshe uthe inani eliphezulu le-TREP lime kwisigidi esisdwa samarandi, ngengxenyeyodwa eba yisibonelelo bese kuthi enye kube imalimboleko.

Osomabhizinisi basemalokishini nasezindaweni zasemakhaya bangafaka izicelo zosizo, kubandakanya uxhasomali, ngokusebenzisa ifomu lokufaka isicelo elejwayelekile le-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane (i-SEDA), ele-Ejensi Yoxhasomali Lwamabhizinisi Amancane (i-SEFA), eleSikhwama Sokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Kuzwelonke (i-NEF) kanye nele-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwentsha Kuzwelonke (i-NYDA).

Abanikazi bamabhizinisi kumele babe ngabalapha eNingizimu Afrika.

Imikhakha elandelayo ikhona kosomabhizinisi abafanelekile:

- Uhlelo lokweseka amabhizinisi okubhaka izinkwa namakhekhe
- Uhlelo lokweseka amabhizinisi akhanda izimoto kanye nomakhenikha (kanjalo nezitolo ezincane ezizimele ezithengisa okokukhanda izimoto kanye nosomabhizinisi

abangahlelekile bezimoto)

- Uhlelo lokweseka amabhusha
 - Uhlelo lokweseka abathunga izimpahla zokugqoka, abasebenza ngesikhumba kanye nezindwangu
 - Uhlelo lokweseka imisebenzi yokuzicwala
 - Uhlelo lokweseka iziphaza
 - Uhlelo lokweseka amabhizinisi eShisanyama kanye nokudla okuphekiwe
- Ukubhalisa kungenziwa ku-smmesa.gov.za bese ugcwalisa imininingwane edingekayo.

Emzameni wokuqinisekisa ukuthi inqubo yoxhaso lwamabhizinisi amancane ayinazihibe futhi kulula ukuyilandela, uhulumeni uphezu komsebenzi wokuhlenganisa izinhlangano zamabhizinisi amancane ukuthi zibe uphiko olulodwa.

"Njengamanje siphezu komsebenzi wokuhlenganisa i-SEFA ne-SEDA kanjalo ne-Ejensi Yokuthuthukiswa

Kwamabhange Emifelandawonye."

Uhlelo lwe-SheTrades

UNdabeni-Abrahams uthe ngemizamo eyahluka-hlukene, uhulumeni usesize umkhakha wamabhizinisi amancane ukuthi ukhule futhi wasungula namathuba emisebenzi edingekayo.

"UMnyango Wezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane kanye no-SEDA bakha ubudlelwano neSikhungo Sokuhweba Samazwe Ngamazwe (i-ITC), ukuze kuzolethwa uhlelo lwe-SheTrades eNingizimu Afrika, futhi kusungulwe nesizinda se-SheTradesZA.

"Lolu hlelo luhlose ukuhlomisa amabhizinisi aphethwe abesifazane ukuthi ahwebelapha ekhaya, esifundeni kanye nasemhlabeni jikelele. Lesi sizinda seseka ukuqiniswa kwamakhono ebhizinisi kanye nokuncintisana kosomabhizinisi besifazane baseNingizimu Afrika okungenani abayizi-10 000

esikhathini esiyiminyaka emine," kusho ungqongqoshe.

Cishe osomabhizinisi besifazane baseNingizimu Afrika abayizi-3 000 sebebhalisile kwiSizinda se-SheTradesZA futhi bathola ukufunda nge-inthanethi kwamahhala kanye nokwakhiwa kwamakhono.

Isizinda se-SheTradesZA sizobuyisa sithuthukise ukufinyelela kutshalomali lwamabhizinisi aphethwe ngabesifazane futhi sigqogquzele namathuba amabhizinisi.

"Ukuzibandakanya komnyango kanye no-SEDA kwiSizinda se-SheTradesZA kubonisa ukuzinikela kwethu ekuthuthukiseni nasekuqinisekiseni ukuhlomiswa kwabesifazane ngokomnotho eNingizimu Afrika," kusho uNgqongqoshe uNdabeni-Abrahams.

– SAnews.gov.za

Ngeminingwane ethe xaxa ngo-SEDA ungashayela ku-**0860 663 7867**, i-imeyili info@seda.org.za noma ungene ku-www.seda.org.za.



government communications

Department: Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production

Regomoditswe Mavimbela
Regomoditswe@gcis.gov.za

Acting Editor-in-Chief

Zanele Mngadi | Zanelemngadi@gcis.gov.za

Acting Managing Editor

Tendai Gonese | tendai@gcis.gov.za

News Editor

Noluthando Motswai

Writers: More Matshediso
Ursula Graaff

Graphic Designers

Tendai Gonese | Benny Kubjana

Production Assistants

Jauhara Khan | Sebastian Palmer

Language Practitioners

Nomgcibelo Motha | Boitumelo Phalatse
Thandolunye Khulu | Mahanyele Ramapala

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Vuk'uzenzele

is published by Government Communications (GCIS)



Printed by:



Distributed by:



Singakwazi futhi sizosebenza ngamandla ukuqeda ukucinywa kogesi



Emavikini ambalwa edlule, ukucinywa kogesi ngenhloso yokuwonga okumandla kuphazamise umnotho wethu futhi kwadala nobunzima obukhulu kubantu baseNingizimu Afrika.

Izinga lesithupha lokucinywa kogesi kwadalwa ukulahleka kwamegawathi (ama-MW) angaphezu kwezi-18 000 amandla aphehlwa ugesi ngenxa yokungasebenzi kwezinye ezithile kanye nesiteleka esingekho emthethweni sabasebenzi baka-Eskom.

Emva kwesikhathi esingaphezu kweshumi leminyaka lokungabi nogesi, abantu baseNingizimu Afrika banelungelo lokuzizwa bediniwe futhi begane unwabu. Ezikhathini ezifana nalesi, kungabonakala engathi kusekude phambili.

Noma kubonakala engathi ukucinywa kogesi kuba nzima kakhulu, iqiniso lithi sesivele siqalile ukuthatha izinyathelo ezibalulekile zokubhekana nokushoda kokuthunyelwa kogesi.

Esikubeke eqhulwini ukuletha uzinzo ohlelweni lokusebenza kogesi. Njengoba uhlelo-kusebenza luvuka futhi nokusebenza kwesiphehlilandla kubuyela esimeni, u-Eskom uzokwazi ukunciphisa ukucishwa kogesi kwehlele emazingeni aphansi.

Isivumelwano phakathi kuka-Eskom nezinyonyana zabasebenzi sizovumela ukuthi kuqale kulungiswe lokho okumoshakele futhi kuqaliswe nokusebenza kwezinye ezengeziwe. Ulayini othumela ugesi osuka e-Cahora Bassa e-Mozambique usulungisiwe, lokho okwengeza ama-600 MW kwisiphehlilandla, nengxenywe i-Unit

6 yase-Medupi nayo iqale ukusebenza ngoMgqibelo, okwengeze amanye ama-720 MW. Ezinye izingxenywe kulindeleke ukuthi ziqale ukusebenza, lokho okuzokwehlisa ingcindezi kogesi.

Ngasikhathi sinye, abezomthetho basebenza ngokuzikhandla ukubhekana nokucekela phansi, ukwebiwa kanye noku-khwabanisa e-Eskom ukuze kuzobhekwaneneninga edalwa izenzo zalezi zigilamkhuba ohlelweni lukagesi.

Ekugcineni, isiphetho ukuthi sidinga ukwengeza umthamo kwisizinda sogesi. Lokhu kuzovulela u-Eskom ithuba lokulungisa lokho okonakele futhi aqinisekise ukusebenza kwezinsiza zakhe. Lokhu kuzophinde kwakhe inqolobane ukuze uma izingxenywe eziningana ziyeka ukusebenza

ngasikhathi sinye, eminye imithombo kagesi ingasetshenziswa.

Esinye sezinyathelo zokuqala engasithatha ngowezi-2018 kwaba ngokuvuselela uhlelo lokuthengwa kogesi ovuselekayo. Ukwengeza ekuthengweni kwe-siphehlilandla esisha ngalolu hlelo, ukwenyuswa komkhawulo wemvume wemiklamo yokukhiqizwa kogesi ube yi-100MW kusho ukuthi abatshalizimali abazimele abadingi imvume yokwakha izikhungo zeziphehlilandla zaleli zinga. Loluhlelo olulula kangaka seluvule intuba enkulu yotshalomali.

U-Eskom usebeke indawo eduzane neziteshi zikagesi ezikhona ukuze izosetshezenzelwa imiklamo yogesi ovuselekayo yabatshalizimali abazimele.

Ukuklanywa kabusha sekuphuthuliwe ukwenza ngcono ukusebenza kwezinye ze-Medupi Unit 1, 2 kanye no-3 futhi umsebenzi uyaqhubeka ku-Unit-5 no-6.

Ngesikhathi lezi zinyathelo zibalulekile futhi zizothela izithelo ezinyanngeni ezizayo, kucacile ukuthi azanele ukuthi zixazulule le nkinga esibhekene nayo.

Okwenzeke emavikini ambalwa edlule kubonise ukuthi kufanele ukuthi sisebenze kakhulu futhi ngokuphuthuma.

Asikho isizathu esenza ukuba izwe elifana nelethu

– elinamakhono, amandla kanye nezinsiza esinazo – kufanele libhekane nokuswelakala kogesi.

Emavikini ambalwa edlule, besisebenzisana noNgqongqoshe abafanelekile kanye nezikhulu eziphezulu kuchungechunge lwezinyathelo ezengeziwe ukuze sizogqhubela phambili yonke imizamo yokukhulisa ukuthunyelwa kogesi. Umyalezo ucece bha: lesi akusiso isikhathi sokudlala. Kumele sisukume ngokuzethemba ukuze sizogqeda ngokucinywa kogesi.

Ngesikhathi izinyathelo esesizithathile zizogcina ukuthunyelwa kogesi ngokuthembekile futhi kungambi eqolo esikhathini esizayo, besibheka ukuthi yiziphi ezinye izinyathelo esingazithatha manje uku-sondeza leli phupho eduze.

Maduze nje sizophothula umsebenzi onemininingwane egcwele kanye nezingxoxo ezidingekayo ukuphuthula lezi zinyathelo. Sizobe-ke, maduze nje, sesikwazi ukumezela uchungechunge lwezinyathelo ezizosiholela kwinqubekelaphambili ngokushesha ekulweni nokucishwa kogesi.

Azinkho izisombululo ezilula kule nkinga yethu yogesi. Kodwa sizinikele futhi sizimisele ukuhlola zonke izindlela futhi sisebenzise lonke ithuba ukuqinisekisa ukuthi siphelela ugesi owanele ukuhlangabezana nezidingo zezwe lakithi. **V**